education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2009

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-20.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Abahlolwayo mabangafundi yonke imibuzo. Funda uhlu lokuqukethwe bese ukhetha imibhalo oyifundile.

3. Phendula imibuzo EMIHLANU. Funda uhlu lokuqukethwe ekhasini lesi-3 nelesi-4 ukuze ubone ukuthi imibuzo iphendulwa kanjani.

   IZIMPENDULO ZAKHO MAZIME NGALOLU HLOBO:

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO

   UMBUZO 1 – 4 Khetha imibuzo EMIBILI.
   UMBUZO 5 – 6 Khetha umbuzo OWODWA. (30)

   ISIQEPHU B: AMANOVELI

   UMBUZO 7 – 12 Khetha umbuzo OWODWA (omude noma omfushane) kuleyo noveli eniyifundile. (25)

   ISIQEPHU C: IMIDLALO

   UMBUZO 13 – 16 Khetha umbuzo OWODWA (omude noma omfushane) kulowo mdlalo eniwufundile. (25)

4. Izimpendulo zemibuzo emide maziphendulwe ngamagama aphakathi kwangama-340 – 390.

5. Izimpendulo zemibuzo emifushane, amamaki anikezwe emibuzweni ayakwelekelela ukuthi kumele uphendule kangakanani.

6. QAPHELA ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

7. Abahlolwayo bayelulekwa ukuba babhale isandla esibonakalayo.

8. Isikhathi esingasetshenziswa ukuphendula le mibuzo simi kanje:

   ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40.

   ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55.

   ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55.

OKUQUKETHWE

Phendula imibuzo EMIHLANU ngemibhalo oyifundile enamamaki angama-80 njengoba kukhonjisiwe ngezansi.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO* – EJ Mhlanga, JJ Thwala*IZINKWAZI ZOTHUKELA* – LPM Makhanya**

Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI phakathi KOMBUZO 1, UMBUZO 2, UMBUZO 3 noma UMBUZO 4.

UPHOQELEKILE UKUPHENDULA INKONDLO ENGABONIWE. Phendula umbuzo OWODWA phakathi KOMBUZO 5 NOMBUZO 6.

UMBUZO 1 (*Mama Liph' Igama Lami*)	Umbuzo omude (190 – 240 amagama)	Amamaki ayi-10
NOMA		
UMBUZO 2 (*Izibongo Zezwe Lakithi*)	Umbuzo omude (190 – 240 amagama)	Amamaki ayi-10
NOMA		
UMBUZO 3 *(Inhlese Yobumbongi)*	Umbuzo omfushane	Amamaki ayi-10
NOMA		
UMBUZO 4 *(Isibani)*	Umbuzo omfushane	Amamaki ayi-10

KANYE –

Nenkondlo engaboniwe:

UMBUZO 5 (*Lapho Imihla Yami*)	Umbuzo omude (190 – 240 amagama)	Amamaki ayi-10
NOMA		
UMBUZO 6 *(Lapho Imihla Yami)*	Umbuzo omfushane	Amamaki ayi-10

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo OWODWA.

UMBUZO 7:	Inoveli 1 (*Bengithi Lizokuna*)	Umbuzo omude (340 – 390 amagama)	Amamaki angama-25
NOMA			
UMBUZO 8:	Inoveli 1 (*Bengithi Lizokuna*)	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25
NOMA			
UMBUZO 9:	Inoveli 2 (*Usumenyezelwe-ke Umcebo*)	Umbuzo omude (340 – 390 amagama)	Amamaki angama-25
NOMA			
UMBUZO 10:	Inoveli 2 (*Usumenyezelwe-ke Umcebo*)	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25
NOMA			

UMBUZO 11: Inoveli 3 (*Kunjalo-ke*)	Umbuzo omude (340 – 390 amagama)	Amamaki angama-25
NOMA		
UMBUZO 12: Inoveli 3 (*Kunjalo-ke*)	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25

ISIQEPHU C: IMIDLALO

UMBUZO 13: Umdlalo 1 (*Kudela Owaziyo*)	Umbuzo omude (340 – 390 amagama)	Amamaki angama-25
NOMA		
UMBUZO 14: Umdlalo 1 *(Kudela Owaziyo)*	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25
NOMA		
UMBUZO 15: Umdlalo 2 *(Awuwelwa Umngeni)*	Umbuzo omude (340 – 390 amagama)	Amamaki angama-25
NOMA		
UMBUZO 16: Umdlalo 2 *(Awuwelwa Umngeni)*	Umbuzo omfushane	Amamaki angama-25

QAPHELA: Kumele uphendule umbuzo OWODWA omude kanye nombuzo OWODWA omfushane esiqeshini B nakusiqephu C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omude esiqeshini C, kanjalo futhi uma ukhetha umbuzo omude esiqeshini B, kusho ukuthi kumele uphendule umbuzo omfushane esiqeshini C.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

Izinkondlo ezimiselwe:

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMINE ebuziwe elandelayo:

UMBUZO 1 (Umbuzo omude)

Mama Liph' Igama Lami? **– BSF Xaba**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo: Impendulo yakho mayibe amagama aphakathi kwayi-190 – 240.

Mama Liph' Igama Lami?

Bengifana nesitshalo esisenhlabathini evundile,
Bengifana nembali eqhakazile,
Izinyosi bezibuthakasel'ubuhle bami.
Benginezifiso namaphupho ngomhlaba
Mama liph'igama lami?

Zafik'izikhukhula ezingaliyo
Zafika zakhukhula konk'obekutshaliwe,
Safik'isiphepho esinamandla
Safika saphephula konk'obekutshaliwe,
Ayabizw'amagama
Mama liph'igama lami?

Sengikweny'indawo,
Sengikweliny'izwe,
Ayabizw'amagama
Ontanga bangishiyile,
Senginjengenhlwa
Mama liph'igama lami?

Ngisingathe mama
Umzimba wami usahlezi kanye nendl'estamkokweni
Ehlobo ilanga lizitika ngemisebekazi yalo,
Ebusika umoya uzitika ngesiphepho sawo,
Phezu kwami imvula ingidica
Ngisho isitamkoko sesidla izindwani.
Mama liph'igama lami?

Nganginamaphupho ngomhlaba,
Nganginezifiso ngomhlaba
Ngingowesifazane ngangiyokuba nguMhlengikazi
Ngingowesilisa ngangiyokuba nguMongameli,
Ngihambe ngeziphambili izimoto,
Pho-ke ikusasa kalinamgomo,
Mama liph'igama lami?

Makube ngavundla kwesokaMagaye umshadikazi.
Mhlawumbe wayeyosinda ukubizwa ngelenkomo,
Mhlawumbe ngangiyobuzwa ubumnandi bobungane,
Mhlawumbe zaziyofezeka izifiso namaphupho.
Mhlawumbe ngangiyokuba lusizo emphakathini,
Pho-ke amathanga ahlanzela abangenamabhodwe,
Mama liph'igama lami?

Ngoba bewazi ukuthi akungifanele ukuba kuleli zwe
Bekufanel'ukuvimbe ukuza kwami,
Bekufanele ungavumi mama.
Kuyoze kube nini ngilalele?
Ayabizw'amagama
Mama liph'igama lami?

Masisingathane mama,
Ngizokuba lidloz'elihle kuwe,
Ngizogwema konke ongakuthandi,
Sophinde umthole umntwana
Ngiyizibulo nothunjana.
Mama liph'igama lami?

Chaza ukuthi ukuhleleka kwamabinza (izitanza) kuwuthinta kanjani umqondo wenkondlo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 2 (Umbuzo omude)

***Izibongo Zezwe Lakithi* – F Manzi**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo. Impendulo yakho mayibe amagama aphakathi kwayi-190 – 240.

Izibongo Zezwe Lakithi

Ngimnyama ngimuhle
Nginguphumalanga sikothe
Ngiyindoni yamanzi
Ngimbalabala njengothingo lwenkosazane
NgiyiNingizimu Afrika!

Bathi ngimusha
Sengathi ngisanda kufika
Kanti umlando wenkululeko omusha
Mina ngimdala ngezinsuku
Kuyasho ukuthi ngadalwa
OMdala Wezinsuku
Owabonwa uDaniyeli emandulo.

Uma ngimusha
Pho utholelweni uMrs Ples kimina?
Pho itholelweni iMapungubwe?
Ngimnyama ngimuhle
Ngiyaziqhenya ngamagugu ami
Ngabizwa nge-**Rainbow country**
NguBob Marley wazifela
Ngingakazalwa ngenkululeko ngo-1994.
Ngimusha-ke **democracy**
Abanye bathi i-**demons gone cracy.**

Umcebo wonk'ubuzwa kimina
Ngimnyama ngenhlabathi emilisa izithelo
Kanti ngikhanyisa ngokumbiwa kwamalahle
Ngiyacwebezela ngedayimane lendandatho
Yesithembiso sempilo entsha nenhle
Kodwa ngeshwa ngondliwe ngabezenhlalakahle
Ngoba phela njalo uma ngigoba iqolo
Lo mnyango ungipha imali yeqolo.

Nginezilimi ezimibalabala kuhle kwengwe
Kugijima igazi likaShaka emithanjeni yami
Ngibhinca amabhayi kaSandile noHintsha,
Ngizisithe ilanga ngesigqoko sikaMshweshwe
Ngixhumane nabakithi ngomakhal'ekhukhwini
KaNdlebe zikhany'ilanga
Ngizitike nge-**bunny chow** yoMnanayi.

Chaza ukuthi ukukhethwa kwamagama kuwuthinta kanjani umoya wale nkondlo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 3 (Umbuzo omfushane)

***Inhlese Yobumbongi* – LF Mathenjwa**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo:

Inhlese Yobumbongi

Ngizw'ugqozi luqubuka okwenhlese,
Ingweb'iphuhl'iyom'okhakhayini,
Ngiphithane ngishay'izaququ,
Ngiqhaqhazel'okomhlanga,
Ngiyibon'iphuphum'imbiza yamathongo.

Angihabulanga fumuka,
Ngihabul'isitshodo uqobo,
Ngingehabulankezo,
Ingwebu yabo ibikel'ingqondo,
Ngayizw'ikladuluka ibhembuluka,

Yash'ukuhay'inkondl'endala,
Inkondl'endala kaZulu wayizolo,
Inkondlo yezolo, inamuhla nekusasa.
Ngiluzwil'umpongo lwezincithabuchopho zikaZulu,

Zihhoyiza ziviyoz'amakhwela,
Aye abhoboz'indlebe ayokwakhel'engqondweni,
Ingqond'ibisidiyazela,
Yile ntundabebhekene yobumbongi.

3.1 Chaza ukuthi ukukhethwa kwala magama alandelayo kuveza muphi umqondo kule nkondlo.

3.1.1 Intundabebhekene (1)

3.1.2 Izincithabuchopho (1)

3.2 Ngokwale nkondlo imbongi ngabe iluthathaphi ulwazi lobumbongi? (1)

3.3 Chaza umfanekisomqondo osemgqeni wesi-6 nomugqa wesi-7 ukuthi uwuthinta kanjani umqondo wale nkondlo. (2)

3.4 Ngabe umugqa we-13*, "Inkondlo yezolo, inamuhla nekusasa"*, imbongi iqonde ukuthini ngobumbongi? Sekela impendulo yakho. (2)

3.5 Phawula ngesigqi sale nkondlo kanye nomthelela waso enkondlweni. (3)
[10]

NOMA

UMBUZO 4 (Umbuzo omfushane)

***Isibani* – LMMS Madondo**

Fundisisa le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

Isibani

Silokoza kalufifi ngokulangaza
Silangazelel'ukungikhanyisela ngibone
Sifis'ukungikhombis'inyathuko
Siphefuza ngamandla ngentuthuko
Singumngani wami ebusuku
Singijamele ngethemba lokungisiza
Ngidabul'umnyama
Sibe ngamehlo ami emnyameni.

Sibekezelela umoya wemifantu
Ifis'ukuqed'impilo yakho
Elokozel'ukungiphilisa
Sihlihlize sish'ukungishiya
Singishiya ngingafundile
Namentshisan'engisiphehle ngawo
Bekungowokuphel'isibili
Nokho sibekezele singitakule.

Namhla ngiyasihlonipha lesi sibani
Esasilokoza inhlasana yethemba ngithembe
Esasikhomba indlela yangomusa ngiyibone
Emnyameni omnyama
Sihlalisane kuse chi
Emini singikhanyisele esikaMdali
Ngipenapene ngibone izimpukanyana
Singikhuthaze ngoswazi lwemisebe yethemba.

4.1 Isimo sokukhuluma esisemgqeni wesi-7, ''Ngidabul umnyama'' sichaza ukuthini ngokwale nkondlo? (1)

4.2 Chaza umfanekisomqondo ovezwa yilo mugqa, ''Siphefuza ngamandla ngentuthuko'' bese usho ukuthi uyithinta kanjani indikimba yale nkondlo. (3)

4.3 Chaza impumelelo yembongi ekukhetheni amagama alandelayo njengoba esetshenzisiwe kule nkondlo.

4.3.1 Imifantu (1)

4.3.2 Takula (1)

4.4 Ngabe imbongi iqondeni ngalokhu?

'Ngipenapene ngibone izimpukanyana.' (1)

4.5 Ngabe umqondo wale nkondlo uhambisana kanjani nendikimba? Sekela impendulo yakho. (3)
[10]

KANYE –

NENKONDLO ENGAMISELWE (UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO)

Phendula umbuzo OWODWA kule elandelayo. UMBUZO 5 (omude) noma UMBUZO 6 (omfushane).

UMBUZO 5 (Umbuzo omude)

***Lapho Imihla Yami* – LBZ Buthelezi**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo. Impendulo yakho mayibe amagama aphakathi kwayi-190 – 240.

Lapho Imihla Yami

Ngimbeleni ngaphakathi
Kwezikhonkwane zomuzi.
Makube kwinjiko yempunzi.
Phezu kwenkaba yomhlaba.
Ngicameliseni ezingalweni
Zenyumbakazi engasiswa
Uvuma ovalweni
Umfula omuka
Nezikhukhula zawo!

Mangizwe ukuthunduzelwa
Zingalo zokhokho
Kulawaya madlelo amahlungu aluhlaza
Ngiholeni ngenkondlo
Engenza ngiqumbelane
Usikisiki lobuqhawe!
Vimbezelani ngengila;
Nisuthise umphefumulo wami
Okokugcina.
Yenzani ngilangazelele
Ukuya phambili.
Nanka namalandakazi
Asezulwini
Ekhongozele,
Ngibekeni ezandleni zawo.
Sengathi kungabe kusentwasahlobo,
Imvelo ikhephuzela
Ngasezinkwazini zemifula;
Lapho kushweza khona uthingo lwenkosazana.

Makube sezibuya	
Inhlazane	30
Sezibhonsa kamnandi	
Kuthi cosololo	
Kube ngesikhathi	
Izinsizwa zikaZulu	
Zibuya emithonjeni	35
Yonwele olude zithi "gci gci!"	
Zingigcobe ngemijuluko	
Kuphela ingilolozela	
"Lala nkonjane emaphikophiko"	

Chaza ukuthi imifanekisomqondo iyithinta kanjani indikimba yale nkondlo. **[10]**

NOMA

UMBUZO 6 (Umbuzo omfushane)

***Lapho Imihla Yami* – LBZ Buthelezi**

Phinda ufunde inkondlo ekuMBUZO 5 ngenhla, 'Lapho Imihla Yami', bese uphendula imibuzo elandelayo:

6.1 Chaza ukuthi isigqi siwulolonga kanjani umqondo wale nkondlo. (2)

6.2 Imaphi amalandakazi okukhulunywa ngawo emgqeni wama-21? Sekela impendulo yakho. (2)

6.3 Nika umqondo ovezwa umugqa we-13 nowe-16 kule nkondlo.

13 Ngiholeni ngenkondlo
16 Vimbezelani ngengila (2)

6.4 Nikeza isikhathi sonyaka imbongi efisa ukuhamba ngaso? Sekela impendulo yakho. (2)

6.5 Emgqeni wama-29 kuya kowama-31 ingabe le migqa ihambisana kanjani nomqondo wenkondlo?

29 Makube sezibuya
30 Inhlazane
31 Sezibhonsa kamnandi (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: AMANOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 7 (Umbuzo omude)

***Bengithi Lizokuna* – NG Sibiya**

Hlaziya umsebenzi womlandi/umbhali ekuvezeni laba balingiswa abalandelayo: Mahlengi, Ngidi, Nontobeko. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama 340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 8 (Umbuzo omfushane)

***Bengithi Lizokuna* – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo:

Babunqaba ukufika ubuthongo kuNgidi. Umzimba wona wawukhathele kodwa ingqondo yayilokhu ithatha ibeka, ibukeza okwakusanda kwenzeka, kusukela kufika uNontobeko, beyothungatha uMhlengi eThekwini, bexhumana noShezi, kuze kufike ekubuyeni kwabo ntambama namuhla. Babuye bekhathele, yikho nje begcine bevumelane ngokuthi uNontobeko useyosale esevuka kusasa esephindela eThekwini, ayolinda khona izinsukwana kuze kube yilapho bethintwa nguShezi owayebathembise ukuthi isonto liyophela sekucaca ukuthi uyatholakala yini uMhlengi.

Waphinde wayaluyaluza endlini uNgidi. Kwake kwathi akashayele uNomalanga ucingo, wabuye wazikhuza nokho esesaba ukuthi uzosuke ahlukumezeke emoyeni. Wazitshela khona ukuthi okungcono ngukuba agxilise ingqondo namandla akhe onke ekufuneni indodana yakhe ayesenethenjana lokuthi hleze ingashintsha nje uma sekuqhamuke noNontobeko lona okungangatshazwa namanje ukuthi uyithanda lokhu okuxakile. Waziduduza ngokuthi cishe nale ndaba kaMhlengi yokuthi uthandana nabantu besilisa kwakuyinto eyedlulayo nje, okungenzeka ukuthi usayiyeka kudalo, usesaba khona nje ukuqunga isibindi sokubhekana noyise, ikakhulukazi emva kwalokhu okubuhlungu kangaka okwaba wumphumela wezenzo zakhe.

Wayicabanga bandla indodana yakhe, wagcina esephumele phandle ebuka amathafakazi amasimu omoba ayekhanyiswe ngunyezi owawuqhakazile phandle. Wama eside isikhathi ewabuka amasimu omoba ayethi kuyoba yifa lendodana yakhe, wabuye wawaphendula amehlo wabuka isithabathaba somuzi wakhe.

"Konke lokhu ngangithi kuyoba ngokwakho mfana wami ngelinye ilanga," ebalisa ngenhliziyo engena endlini ehluthulela.

8.1 Iziphi izinto uNgidi ayecabanga ukuthi kuzoba ezikaMhlengi? (2)

8.2 Baxatshaniswa yini uNgidi nendodana yakhe? (2)

8.3 Chaza ukuthi kungani ifa lonke likaNgidi kwakuzoba ngelikaMhlengi. (2)

8.4 Ngabe kwamphatha kanjani uNgidi ukutshelwa indodana yakhe uMhlengi ukuthi isithanda abantu abanobulili obufana nobayo? (2)

8.5 Yini eyabangela uNgidi ukuba aqashe umseshi ozimele ukuba athungathe uMhlengi? (2)

8.6 Chaza okwalahlekela uXolani ngenxa yokuthandana kwakhe noMahlengi. (2)

8.7 Chaza ukuthi kungani uNontobeko ashaya imoto wayibhekisa kubo kaMhlengi. (2)

8.8 Nika izizathu EZIMBILI ezabangela uNgidi ukuba angakwamukeli ukuziguqula ubulili bomntwana wakhe. (4)

8.9 Ngokubona kwakho kwakufanele yini ukuthi uNkululeko azibulale ngenxa kaNontobeko? Sekela impendulo yakho. (2)

8.10 Nikeza umlingiswa OYEDWA empilweni yakhe okwenzeka izinto ezihambisana nalesi sihloko esithi: ''Bengithi lizokuna''. Sekela ngokuphawula ngokwenzekayo endabeni. (5)
[25]

NOMA

UMBUZO 9 (Umbuzo omude)

***Usumenyezelwe-ke Umcebo* – MJ Mngadi**

Hlaziya umsebenzi womlandi/umbhali ekukhuliseni isakhiwo sale noveli. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 10 (Umbuzo omfushane)

***Usumenyezelwe-ke Umcebo* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo:

"Imali engaka!"
"Malini? Eyani? Yinzuzo ebhizinisini noma ukwenyuka kwamashezi?"
"Yi-Pick six, David. Kade yagcina ukubanjwa. Yizigidi kobambe umjaho obuseGreyville izolo.

Njengoba kuyiSonto nje, emzini woDicey wubufahlafahla bamaphephandaba. Njalo ngamaSonto banele badle ibhulakufesi uMirriam alivukela kusa, bangene endlini yokuphumula bahlalele izimfumba zamaphepha ezilandwa wuHlulintombi. Amehlo kaDavid Dicey agxile emakhasini aphathelene nezamabhizinisi. Uwumqondisi ophethe ifemu thize eseHhofu. Yena usebenzela emahhovisini ayo amakhulu asesitezi esihle kuGardiner Street. Amehlo omkakhe, uBrenda, anamathela kwezemfundo. UBrenda, ufundisa kwesinye sezikole eThekwini. Akasebenzi ngoba eswele kodwa ulandela ubizo. Ngezimpelasonto uzilibazisa ngokufunda amaphepha nencwadi yomjaho, abheje. Nayizolo ubebhejile, okumanje nje amehlo akhe asegxile emakhasini anemiphumela yemijaho yamahhashi. Phela uBrenda akazihluphi ngokulalela imiphumela emsakazweni ngeMigqibelo. Uze ayibheke ephephandabeni langeSonto.

"Imali engaka!" kubabaza uBrenda futhi ezikhipha ezifaka izibuko, esukumela phezulu ngomzimba olingene sengathi owentombi, ungaphika uma kuthiwa unendodana nendodakazi asebefunde bagogoda emayunivesithi. Indodana uKen iwummeli eKapa, indodakazi uLinda ifundisa eyunivesithi eseGoli.

"Malini?" lubuza undanda oluwuDicey lumbuka ngamehlo aluhlaza. Alungise izibuko umkakhe athi, "Imali engaka iyosiphunyuka!" UDicey, enwaya ikhala elicijile uphulula izinwele ezinjengamayezi amhlophe abuke umkakhe athi, "Ake ngibone." Wemukela iphephandaba afunde. "Yizigidi ezimbili zamarandi nezinkulungwane ezingamakhulu ayisishiyagololunye koyibambile le pick six. Kade yagcina ukubanjwa. I! I! I! Imali engaka! Kodwa ubungayibambi ngani Brenda?"
"Akusenani," kusho inkosikazi ngenhliziyo ebuhlungu iziduduza. "Inhlanhla eyalowo oyedwa oyibambile."

10.1 Ubani lo owehlelwa inhlanhla engaka? (1)

10.2 Wayesebenza msebenzi muni lona owehlelwa inhlanhla lapha kwaDicey? (1)

10.3 Nika amagama abantwana bakwaDicey kanye nemisebenzi yabo. (4)

10.4 Nika isizathu ESISODWA esenze ukuba uChule agcine ezuze inhliziyo kaMirriam. (1)

10.5 Isihloko sale noveli sithi: Usumenyezelwe-ke umcebo. Yimuphi lo mcebo omenyezelwe? (2)

10.6 Chaza ngokugcwele ukufika kukaMirriam lapha kwaDicey. (2)

10.7 Yini eyayibangele uGenyeza azinyeze ngothando lukaMirriam? (2)

10.8 UMirriam noGenyeza bahlangabezana nembibizane esitolo sezimoto. Fundisisa le nkulumo engezansi bese utomula amazwi akhombisa ukucwasa bese uchaza ukuthi kungani uthi anokucwasa.

"Noma zimele ukuthengwa azibizi amalandi ayishumi. Akulona igalaji lomalambane." (2)

10.9 Ngokucabanga kwakho yini eyabangela uMirriam angayeki ukusebenza kwaDicey nakuba wayeyisigwili? Sekela impendulo yakho ngezizathu EZIMBILI. (4)

10.10 Ngabe umbono noma iqiniso ukuthi uma umuntu ewine izigidi, imali yakhe ifunwa yiwo wonke umuntu? (2)

10.11 UGenyeza ubambe iqhaza elikhulu ekukhuleni kwale ndaba. Bhala uchaze izigemegeme zakhe zibe ZIMBILI. (4)
[25]

NOMA

UMBUZO 11 (Umbuzo omude)

***Kunjalo-ke* – ME Wanda**

Hlaziya ukukhula kodweshu njengoba umlandi/umbhali elusebenzisile. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 12 (Umbuzo omfushane)

***Kunjalo-ke* – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo:

"Yise kaDumazile, mina bengibona ngenye indlela. Kunganjani sivele sibize isizumbulu semali esihlanganisa lonke ilobolo?"

"Ukushiso yini lokho MaNdovela?"

"Ukucucuza ilobolo kuchitha isikhathi futhi kubambezela umkhwenyana elokhu eqoqa lokhu nalokhuya. Okunye-ke futhi kugcina sekuvele namahlazo nje."
"Amahlazo anjani MaNdovela?" "Amahlazo phela yise kaDumazile anjengokuthi nje umkhwenyana aveze ukuthi ngeke ayikhokhe inkomo kamama ngoba kuwukuthi nokuthi nokuthi. Uyayibona nje leyo nto yise kaDumazile."

"Kuyezwakala khona uma sewubeka. Bewufuna sibize malini-ke ngokwakho?"

"Mina bengibona ukuthi akufanele ukuba simbize kakhulu umkhwenyane ngoba indodakazi yethu ayisaphelele. Futhi eqinisweni umuntu akathengwa yise kaDumazile, kusuke kwakhiwa ubuhlobo nje. Asikho-ke isidingo sokuba umuntu umumbe eqolo. Uma uhlupheka, hlala nje nokuhlupheka kwakho. Ungacabangi ukuthi ukugana kwendodakazi yakho sekusho ukubamba umjaho wamahhashi kuwena."
"Angazi noma uwuzwe kahle yini umbuzo wami? Ngithe bewufuna simbize malini umkhwenyana?"
"Angazi phela yise kaDumazile, nquma wena njengendoda."

"Kuyokube simbize kakhulu uma sithi akakhokhe izinkulungwane ezinti?" esho emisa impama yonke. Athi ukuthula kancane uMaNdovela, bese ethi: "Sengathi ilungile yise kaDumazile. Inkosi, ilungile. Kanti yena usengamane afune ukuphiwa umfazi nje?"

12.1 Nika amagama AMABILI obaba bezingane zikaDumazile. (2)

12.2 Uthisha uMoloi uwadicilele kanjani phansi amalungelo ezingane zesikole? (1)

12.3 Nika amagama AMATHATHU ezingane zikaDumazile. (3)

12.4 Yimuphi lo mkhwenyana okuxoxwa ngaye kulesi siqeshana? (2)

12.5 Kwakubangelwa yini ukuba uMaNdovela athi kungcono babize isizumbulu semali esihlanganisa lonke ilobolo? (2)

12.6 Ngabe lesi simo sokukhuluma sichazani ngokwalesi siqeshana: "Asikho isidingo sokuba umuntu <u>umumbe eqolo</u>"? (2)

12.7 USithole umhlukumezile unkosikazi wakhe. Ake uthi qaphu qaphu ngezenzo ezahlukumeza uMaNzimande. (3)

12.8 Ngokubheka okwenzeka kule ndaba ngabe uyavumelana noma uyaphikisana nokuthi akumele amalobolo ambe eqolo ngoba umuntu akadayiswa? Sekela impendulo yakho. (2)

12.9 Chaza ukuthi uDumazile wahamba kanjani esikoleni eZenzele. (3)

12.10 Le ndaba ikhule yaze yafika kuvuthondaba. Ngabe uvuthondaba lumthinta kanjani uDumazile? (3)

12.11 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi igciwane lengculazi liyasulelana? Sekela ngokwenzeka endabeni. (2)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: IMIDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 13 (Umbuzo omude)

***Kudela Owaziyo* – BP Maphumulo**

Bhala uhlolisise ngobudlelwane phakathi kwezehlakalo kanye nendikimba kulo mdlalo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 14 (Umbuzo omfushane)

***Kudela Owaziyo* – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo:

KHOMBEPHI/ NENELEZI:	(N*gokushiyana kwamazwi*) Washeshe wavuma nje mame. Ungakezwa nokuthi ubaba uwagudliselaphi la mazwi akhe. Uyazi ukuthini? (*kanye kanye)* Thina sisadidekile.
MDALULI:	*(Ngezwi eliphakeme*) Musani ukudidwa yinto esobala zibe zikhona izinto ezixakile okufanele ngabe zinilethela ukudideka. Mina nendodakazi yami uLondiwe sibanga ubukhulu kulo muzi, kusobala-ke ukuthi sonke sesingomakhonya izinkunzi ezimalundalunda. Sekumele kucace-ke manje!
LONDIWE*:*	*(Amqwebulele amehlo, umangele)* Ukuthini?
MDALULI:	*(Ngezwi lokubhavumula)* Impendulo yalowo mbuzo wakho ilula kakhulu ndodakazi: Osekumele kucace manje wukuthi iyiphi ngempela inkunzi ekhonyayo futhi enomhlwenga lapha ekhaya phakathi kwami nawe. Ngaleso sizathu-ke ngithi qoqa konke okungokwakho okukulo muzi Londiwe uphume uphele kuleli gceke ugcwale amathafa ...
KHOMBEPHI/ NENELEZI:	*(Kanye kanye, sebeqwebule amehlo)* Hawu!
LONDIWE:	*(Usebuyise izinhlonze, usegqolozele uyise)* Ini? Angizwanga wumoya!
MDALULI:	*(ngobudlovu)* Ingani ngikhuluma nawe nje? Ufuna ukubonani kanti? Ngithi angisakufuni kulo muzi ngakho-ke qoqa onke amasakana akho ubone ukuthi ulibhekisaphi nezwe.
LONDIWE:	*(Ngolaka)* Ayikho leyo nto!

14.1 Kungani uMaMlanduli akhulume la mazwi ''Kudela Owaziyo'' emva kokuba sekuzwakele ukuthi kuzamazame umhlaba eSudan lapho kwakuvakashele khona uMdaluli? (2)

14.2 Yini eyabangela uChivenga ukuba esule icala lokushaya elabe lethweswe uMdaluli? (2)

14.3 Chaza ukuthi uChivenga wabusebenzisa kanjani ubuqili ukuze athole ubuzwe bakuleli. (3)

14.4 Yikuphi okwakuzokwenzeka kubafundi abafana noLondiwe uma bengayikhokhile imali yesikole? Nika kube KUBILI. (2)

14.5 Ngabe lolu dlame olungaka lukaMdaluli lubangelwa yini? (2)

14.6 Kungani uMdaluli wayethukuthelele uLondiwe kangaka? Sekela impendulo yakho. (3)

14.7 Ngabe isimo sokukhuluma esithi: ''Inkunzi ekhonyayo,'' sinancazelo yini ngokwalesi siqeshana? (2)

14.8 Chaza OKUBILI okwenziwa uLondiwe okuphambene nesiko lesintu. (2)

14.9 Chaza izinhlobo EZIMBILI zodlame lwasekhaya olwenziwa uMdaluli emzini wakhe. (2)

14.10 Yikuphi okwenziwa uMdaluli kule ndaba okukhombisa ukuthi usenawo umoya wokucwasa? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka kulo mdlalo. (3)

14.11 Ngokwesimo sakithi sezombusazwe kusafanele yini ukuthi abazali baxoshe izingane zabo uma bexabana nazo? Sekela impendulo yakho. (2)

[25]

NOMA

UMBUZO 15 (Umbuzo omude)

***Awuwelwa Umngeni* – M Gcumisa**

Bhala uveze obala ubudlelwane phakathi kukammeleli kanye nezenzeko kulo mdlalo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 – 390. **[25]**

NOMA

UMBUZO 16 (Umbuzo omfushane)

***Awuwelwa UMngeni* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo:

Ijaji:	*(litolikelwa*) Kuyacaca ebufakazini osebethuliwe ukuthi impi yalwa kwaVimbingwenya. UVimbingwenya yindawo ephethwe uSalimani. Kuyacaca -ke ukuthi abantu basemapulazini abeqa umngcele wendawo yabo beqela kwekaSalimani, baqonda enkundleni esemzini wenduna engomunye wofakazi. UMgqabuli wayengekho ilwa le mpi. Ofakazi bohlangothi lukaMgqabuli nabo babengekho bobabili. Babengekho endaweni okwalwela kuyona impi, ngisho ngabe omunye wabo wayibona ukusuka nokuphela kwayo le mpi. Ababili bofakazi bohlangothi lukaSalimani babekuyo le ndawo okwabambana kuyona impi. Omunye wabo wayelamula. Ngakho-ke kuyacaca ukuthi uMgqabuli nguyena owahlasela uSalimani base beyaziphindiselela-ke Ngakho-ke liyamthetha uSalimani leli cala. Ayesulwa wonke amacala abekwe uSalimani nabantu bakhe. Zonke izindleko zecala zizothwala ummangali.
Nodwengu:	*(esholo phansi)* Lilahle bani yena! Yeka Nowelamuva wawoSomtsewu!
Amabutho:	*(Ayahhomuzela kuba nobuxokololo.)*
Onongqayi:	*(Bakhuza umsindo.)*
Ijaji:	*(Litolikelwa libhekisa kuMshushisi.)* Kukhona ofuna ukukusho?
Umshushisi:	*(etolikelwa*) Mehluleli ohloniphekileyo. Kuyacaca ebufakazini bonke obuphambi kwenkantolo nosebethulelwe le nkantolo ukuthi ummangalelwa ecaleni lokuqala akanacala. Abantu bakammangali abasuka endaweni yabo bayongena endaweni kammangalelwa ngenhloso yokususa uchuku. Babeyohlasela. Uma babengayile kohlasela babengeke babe baningi. Babengeke bafike khona ebusuku. Babengeke bathwale izikhali. Babengeke baphathe futhi bashaye amacilongo. Ngakho-ke kufanele limlahle icala lokuhlasela ummangali.

16.1 Ubani ummangali nommangalelwa kulesi siqephu? (2)

16.2 Kubangelwa yini ukuthi uNodwengu akhulumele phansi? (2)

16.3 Saba yini isigwebo esanikwa ummangali? (2)

16.4 "USalimani wazigwaza ngowakhe ngokunikeza abelungu indawo yokwakha".

Sekela lesi sitatimende ngokuveza izizathu EZIMBILI ezashiwo abelungu bamapulazi ekugudluzweni kwemingcele. (2)

16.5 Ijaji litshengise ukungachemi ekuquleni kwecala likaSalimani. Sekela impendulo yakho NGOKUBILI okwashiwo yijaji okuveza lokho. (2)

16.6 Kusho ukuthini ukuthi limthethile uSalimani icala? (2)

16.7 Yiliphi isu elasetshenziswa uSalimani ukuthi abantu bazikhethele ukuhamba nabelungu bamapulazi noma basale naye? (3)

16.8 Yiziphi izizathu EZIMBILI ezabekwa uZithulele kuSalimane ezazivuna ukuhlehliswa kwemingcele? (4)

16.9 Iliphi iqhaza elibalulekile elalibanjwe uZithulele kulo mdlalo? (2)

16.10 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi uSalimani nakuba wayeyinkosi yakudala kodwa wayebusa ngentando yabantu? (2)

16.11 Yimuphi umyalezo odluliswa umbhali ngalo mdlalo? (2)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25

AMAMAKI ESEWONKE: 80